

# World Missionary Press

## *Indlela eya Kukulunkulu* - Zulu



### **Indlela eya Kukulunkulu**

Quotations from the Bible in Zulu. Copyright Bible Society of South Africa. Used with permission of the Publishers. © 2002 by Rose Goodman. Cover Art, Edwin B Wallace.

---

### **UNKULUNKULU WADALA UMHLABA —1 NAKHO KONKE OKUPHILAYO**

“Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.” UGenesisise 1:1

“Ngokuba kwadalelwa kuyo konke okusezulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungenakubonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathimandla; konke kwadalwa ngayo, kwadalelwa yona.” KwabaseKolose 1:16

“Manibe-ngababusiweyo bakaJehova owenzile izulu nomhlaba. Izulu liyizulu likaJehova, kepha umhlaba wawunika abantwana babantu.” AmaHubo 115:15, 16

Umhlaba wawuphelele ngenkathi uNkulunkulu ewunikezela kumuntu. Funda le ncwajana ukuze uzwe ukuthi kwenzekani.

---



### **UNKULUNKULU WASIDALA —2**

“UNkulunkulu wathi: Masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze, babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezinkomo, nomhlaba wonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni.” UGenesisise 1:26

---

### **UMUNTU WABA NGUMPHEFUMULO OPHILAYO —3**

“UJehova uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakheleni akhe umoya wokuphila; umuntu waba-kanjalo umphefumulo\* ophilayo.” UGenesisise 2:7

“UJehova uNkulunkulu wathi: Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa. Ngizakumenzela umsizi onjengaye.

UJehova uNkulunkulu wamehlisela umuntu ubuthongo obunzima, walala; wayesethatha olunye lwezimbambo zakhe, wavala indawo ngenyama. UJehova uNkulunkulu wakha owesifazane ngobambo abeluthathile kumuntu, wamyisa kumuntu.”

UGenesise 2:18, 21, 22

\*Umphefumulo ophilayo usho ukuthi siyophila kuze kube phakade.

---

## U-ADAMU NO-EVA ABAMLALELANGA UNKULUNKULU —4,5



Akumele silalele izwi likaSathane.

“UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu, wambe ka ensimini yase-Edene ukuba ayilime, ayigcine. UJehova uNkulunkulu wamyala umuntu, wathi: Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho, kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.”  
UGenesise 2:15-17

Inyoka ebizwa ngokuthi uSathane YamelanA NOMTHETHO KANKULUNKULU YAQAMBA amanga.

“Inyoka yathi kowesifazane: Aniyikufa nokufa. Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka emehlweni, nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni, wathatha izithelo zawo, wadla, wanika nendoda yakhe kanye naye, nayo yadla.” UGenesise 3:4, 6

---

## O-ADAMU NO-EVA BABENGASAKWAZI UKUHLALA ENSIMINI YASE EDENE — 6



“UJehova uNkulunkulu wammukisa ensimini yase-Edene ukuba alime umhlabathi athathwé kuwo. Wamxosha uAdamu, wabeka ngasempumalanga kwensimu yase-Edene amakherubi kanye nenkemba yelangabi ephenduphendukayo, ilinde indlela eya emthini wokuphila.” UGenesise 3:23, 24

---

## KWABA USUKU OLUBUHLUNGU ESIZUKULWANENI —7 SABANTU NGESIKHATHI U-ADAMU NO-EVA BONA



“Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile.” KwabaseRoma 5:12

### KHUMBULANI

Yilowo nalowo muntu uzalelwe esonweni futhi uyokufa ngelinye ilanga ngoba ukufa kwafika ngesono.

---

## KWAKUYISU LIKA NKULUNKULU LOKUSISIND- —8 ISA ESONWENI NGOKUSITHUMELELA INDODANA YAKHE



Indodana kaNkulunkulu yafika esizukulwaneni sabantu ngokwamukela isimo somntwana.

“Uzakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu, ngokuba nguyeyoyakusindisa



abantu bakhe ezonweni zabo.”  
UMathewu 1:21

“Ngokuba kuhlala kuye [Kristu uJesu] ngokomzimba ukugcwala konke kobuNkulunkulu.” KwabaseKolose 2:9

## UJESU UNGUNKULUNKULU OWATHABATHA ISIMO SOMUNTU —9

“Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso.” UJohane 1:1,14

“Lokhu konke kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi ukuthi: Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana; bayakuyiqamba igama lokuthi uEmanuweli okungukuthi ngokuhunyushwa uNkulunkulu unathi.” UMathewu 1:22, 23

“Ngokuba sizalelwa umntwana, siphwiwa indodana; umbuso uyakuba-semahlombe akhe, negama lakhe liyakuthiwa uMluleki omangalisayo, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade, iNkosi yokuthula.” UIsaya 9:6

## UJESU KRISTU UNGUMHLATSHELO WETHU OPHELELEYO —10

“Ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu.” 2 kwabaseKorinte 5:21a



“Ongenzanga isono.” I kaPetru 2:22a

Akukho mhlatshelelo (umnikelo) OPHELELE owawungenziwa ngumuntu ukuhlawulela izono zabantu.

“Ngokuba akunakwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono.” KumaHeberu 10:4

UJesu uyiWundlu likaNkulunkulu. “Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.” UJohane 1:29b

## UJESU WANIKELA NGOKUPHILA KWAKHE UKUZE SISINDISWE —11, 12

UJesu wabethelwa esiphambanweni sokhuni ngoba abantu abanonya babemzonda. Nokho kwakuyisu likaNkulunkulu ukuba asifele. UJesu wanikela ngokuphila nangothando lwakhe ukusindisa mina nawe ezonweni zethu.

UJesu wathi: “Akakho ongangamuka ukuphila kwami, kodwa ngikudela ngokwami; nginamandla okukudela, nginamandla okubuye ngikuthabathe. Lo myalo ngiwamukele kuBaba.” UJohane 10:18

## SISINDISIWE NGEGAZI LEWUNDLU LIKA NKULUNKULU

“Nazi ukuthi anihlengwanga [anithengwanga] ekuhambeni kwenu okuyize enakunikezwa ngawoyihlo ngezinto ezibhubhayo, isiliva negolide, kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu kungathi elewundlu elingenacala, elingenabala.” 1 kaPetru 1:18, 19



Ayikho eminye imihlatshelo ekwazi ukususa isono.



“Ngakho kakhulu sesilungisisiwe [sesibalwe njangabangewe] ngegazi lakhe, siyakusindiswa ngaye olakeni.” KwabaseRoma 5:9

“Jesu, ngikhumbule, nxa usufiké embusweni wakho.” ULuka 23:42b

Leli sela lakholwa ku Jesu lase lisindiswa

“Ngiqinisile ngithi kuwe: Namuhla uzakuba-nami eParadisi.” ULuka 23:43b

Leli sela alikhawanga ku Jesu, ngakho-ke alisindiswanga

“Kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, [singamlaleli uNkulunkulu] uKristu wasifela.” KwabaseRoma 5:8b

---

### **BONKE ABAKHOLWA YINDODANA KANKULUNKULU BANOKUPHILA —13**

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe-noku-phila okuphakade.” UJohane 3:16

“Owasikhulula emandleni obumnyama nowasibeka embusweni weNdodana yothando lwakhe; okukuyo sinokuhlangwa, ukuthethelelwa kwezono\*.” KwabaseKolose 1:13, 14

\*UKuhlangwa kusho ukuthi sithengiwe.

---



### **“UVUKILE!” —14**

“Kodwa ingelosi yaphendula, yathi kwabesifazane: Ningesabi nina; ngokuba ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obethelwe esiphambanweni; kakho lapha, ngokuba uvukile njengokusho kwakhe; zanini nibone indawo lapho ebelele khona.” UMathewu 28:5, 6

---

### **UJESU WAVUKA KWABAFILOYO —15**

“Nophilayo; ngangifile, bheka, sengingophilayo kuze kube- phakade naphakade, futhi ngingezihluthulelo zokufa nezeHayidese.” IsAmbulo 1:18

“Ngokuba ngiphila mina, nani nizakuphila.” UJohane 14:19b

Akusenasidingo ukuba sikwesabe ukufa ngoba uKristu wakunqoba ukufa futhi unezihluthulelo zakho.

“Mhla ngesabayo ngiyakwethemba wena.” AmaHubo 56:3  
(Bheka izithembiso zikaNkulunkulu ekhasini 46.)

### **UJESU ANGAKUSINDISA FUTHI UYAKUKHULEKELA.**

“Kepha yena, ngenxa yokuba ehlala phakade, unobupristi obungenakuguquka; ngakho-ke unamandla okusindisa ngokupheleleyo abeza kuNkulunkulu ngaye, lokhu ephilela njalo ukubamela.” KumaHeberu 7:24, 25

---



Yiyiphi indlela oyikhethayo?

UJesu Kristu UYINDLELA eya ekuphileni OKUPHAKADE NONKULUNKULU.

USathane uyindlela eya ekufeni OKUPHAKADE.

Lomfana ukhetha indlela efanele eya ekuphileni okuphakade.

---

**IKUPHI OKUKHETHAYO WENA? —17**

“...Khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza...” UJoshuwa 24:15

“Ngalokho khethani ukuphila ukuba niphile, wena nenzalo yakho.” UDuteronomi 30:19b

**UJESU KRISTU UYINDLELA EYA EKUPHILENI OKUPHAKADE**

“Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo.” IzEnzo 4:12

“Mina, mina nginguJehova, ngaphandle kwami akakho umsindisi.” UIsaya 43:11

---

**KUNGANI KUMELE SIKHETHE UJESU UMA SIFUNA UKUPHILA OKUPHAKADE? —18,19**



**1. NguKristu oweza.**

“...Mina ngizé ukuba babe-nokuphila...” UJohane 10:10

**2. NguKristu owasithandayo futhi wasifela.**

“Okungukukholwa yiNdodana kaNkulunkulu eyangithandayo, yazinikela ngenxa yami.” KwabaseGalathiya 2:20b

UJesu waba ngumuntu oyinyama negazi njengathi, “Ngakho-ke njengokuba abantwa-na bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze ngokufa amchithe obenawo amandla okufa onguSathane, abakhulule bonke labo abathi ngokwesaba ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshelwe ebugqileni.”

KumaHeberu 2:14,15

**3. Yigazi likaJesu Kristu lodwa eliyikhambi lezono zethu.**

“Ngokuba umphefumulo womzimba usegazini; ngimniké lona ealtare ukwenzela imiphefumulo yenu ukubuyisana, lokhu kuyigazi elenza ukubuyisana ngomphefumulo.” ULevitikusi 17:11

“Negazi likaJesu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.” 1 kaJohane 1:7b

“Okukuyo sinokuhlangwa, ukuthethelelwa kwezono.” KwabaseKolose 1:14

**4. NguKristu owavuka kwabafileyo.**

“Sazi ukuthi uKristu esevusiwe kwabafuleyo akasafi, ukufa akusabusi phezu kwakhe.” KwabaseRoma 6:9

“Wafela bonke, ukuze abaphilayo bangabe besaziphilela bona, kodwa baphilele yena owabafelayo, wabuye wavuka.” 2 kwabaseKorinte 5:15

UJesu wathi: “Ngokuba ngiphila mina, nani nizakuphila.” UJohane 14:19b

**5. Kufanele ukuba sibenoMoya kaKristu ngapha-kathi kwethu ukuze sivuselwe ekuphileni okuphakade.**

“Okubona uNkulunkulu athanda ukubazisa ukuthi iyini ingcebo yenkazimulo yaleyomfihlakalo phakathi kwabezizwe, enguKristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo.” KwabaseKolose 1:27

“Uma-ke uMoya walowo owavusa uJesu kwabafuleyo ehlala kini, yena owavusa uKristu Jesu kwabafuleyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.” KwabaseRoma 8:11

## **QINISEKA UKUTHI UMOYA KA-KRISTU UYAPHILA NGEMPELA KUWE**

“Kepha nina anisenyameni, kodwa nikuye uMoya, uma uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Kepha uma umuntu engenaye uMoya kaKristu, lowo kasiye owakhe.” KwabaseRoma 8:9

---

## **UJESU UTHANDA BONKE ABANTWANA —22, 23**



“Wabagona, wababusisa ebeka izandla phezu kwabo.”

UMarku 10:16

“UJesu uyangithanda ngiyakwazi lokhu, ngoba iBhayibheli lisho njalo.”

“Kodwa uJesu wababizela kuye, wathi: Vumelani abantwana beze kimi, ningabengqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.” ULuka 18:16

“Kanjalo akusiyo intando kaYihlo osezulwini ukuba kubhubhe noyedwa kulaba abancinyane [Ukubhubha kusho ukulahlwa okungunaphakade].”

UMathewu 18:14

Akubalulekile ukuthi ungubani nokuthi uhlala kuphi, uJesu uyakuthanda futhi wakufela. UJesu ufuna ukuba nawe umthande. Ungambonisa ukuthi uyamthanda ngokumlalela.

“Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yami.” UJohane 14:15

“Naye umntwana uyaziwa ngezenzo zakhe. IzAga 20:11a

---

## **UNGAYITHOLA KANJANI INDLELA EYA KUNKULUNKULU —24**

**1. Vuma ukuthi uyisoni ngoba awumlalanga uNkulunkulu** (bhaka ikhasi 7).

“Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu.” KwabaseRoma 3:23

**2. Zinikele kuNkulunkulu ngoJesu Kristu.**

“Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKristu Jesu.”

1 kuThimothewu 2:5

“Ngakho-ke [uJesu] unamandla okusindisa ngokupheleleyo abeza kuNkulunkulu ngaye, lokhu ephilela njalo ukubamela.” KumaHeberu 7:25

UJesu wathi: “Ozayo kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle.” UJohane 6:37b



### 3. Phenduka ezonweni zakho.

(Ukuphenduka kusho ukuthi uzisola kakhulu kangangoba uze uhlukane nokona.)

“Ngalokhu phendukani, niguquke ukuba kuhlangukwe izono zenu.” IzEnzo 3:19

“INKosi...kepha iyanibekezelela, ingathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni.” 2 kaPetru 3:9

### 4. Vuma izono zakho kuJesu.

(Ukuvuma kusho ukungasiphiki I isono sakho.)

“Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono.” 1 kaJohane 1:9a

Bhala ivesi lika 1 Johane 1:9 elitholakala ekhasini 25 esithombeni sezandla lapha ngezansi.

### 5. Hlukana nezono zakho.

(Ukuhlukana kusho ukuzishiya.)

“Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kepha ozivumayo [azishiye] uyakuthola umusa.” IzAga 28:13

“Deda kokubi, wenze okuhle, uyakuhlala kuze kube phakade.” AmaHubo 37:27



### 6. Kholwa ngu Jesu Kristu

“Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafuleyo, uyakusindiswa.” KwabaseRoma 10:9

“Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena nendlu yakho.” IzEnzo 16:31b

“Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa;...kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo.” Kwabase-Efesu 2:8, 9

### 7. Mamukele uJesu enhliziyweni yakho nasempilweni yakho.



Nguwe wedwa ongavula umnyango wenhliziyo yakho ukuba angene uJesu. UJesu wathi:

“Bheka, ngimi ngasemnyango ngingqongqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.” IsAmbulo 3:20

“Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe-ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.” UJohane 1:12

---

### ISIQONDISO SOKUTHANDAZA —29



Uma ungakwazi ukuthandaza ngenxa yokuthi awukaze uthandaze ngaphambilini, landela lo mthandazo njengesiqondiso:

Nkosi Jesu ethandekayo,

Ngiyakubonga kakhulu ukuthi wangifela esiphambanweni ukususa izono zami. Ngiyazisola kakhulu ngakho konke okubi engikwenzile. Ngicela mawungene enhliziyweni yami bese uhlala khona kuze kube phakade. Ngiyakwethemba ukuthi usuyahlanza inhliziyo yami. Ngiyakwamukela ukuba ube nguMsindisi neNkosi yami.

Ngegama lakho ngiyathandaza, Amen

---

### UMA UNO JESU ENHLIZIYWENI YAKHO UNOKUPHILA OKUNGUNAPHAKADE —30

“UNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhukuphila kuseNdodaneni yakhe. Onayo iNdodana unokuphila.”

1 kaJohane 5:11b, 12a

“Ngqiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Ozwa izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila okuphakade; akayi ekwahlulelweni, kepha usephumile ekufeni, wangena ekuphileni.” UJohane 5:24

Uma ufa umzimba wakho, uyohlala neNkosi (2 kwabaseKorinte 5:8). “EnguKristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo” (KwabaseKolose 1:27b).

Uma umcelile uJesu ukuba akuthethelele izono zakho, uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi noMsindisi wakho, bhala igama lakho lapha ngezansi:

---

### UQHUBEKA KANJANI UKUMLANDELA UJESU —31



Funda amavesi imihla ngemihla eBhayibhelini (iZwi leNkosi). Wagcine enhliziyweni yakho ngokuwafunda ngekhandu, yilelo nalelo vesi elikusizile emoyeni. (Amaningi ayatholakala kule ncwadi.)

“Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni.”

2 kuThimothewu 3:16

---

### KHULUMA NOJESU NGOMTHANDAZO NGASO SONKE ISIKHATHI —32

**Mbonge uJesu** ngakho konke okuhle empilweni yakho imihla ngemihla. **Mdumise ngakho** konke akwenzele khona nokuthi usindise umphefumulo wakho. **Thandazela futhi zonke izidingo zakho.** Khuleka njalo egameni likaJesu.



“Uma sicela utho ngokwentando yakhe, uyasizwa.” 1 kaJohane 5:14b

“Lokhu eniyakukucela kuBaba egameni lami uyakuninika khona.” UJohane 16:23b

“...Nikhulekelane ukuba niphulukiswe....” UJakobe 5:16

“Kepha mina ngithi kini: Thandani izitha zenu, nibabusise abaniqalekisayo, nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanizingelayo.” UMathewu 5:44

---

### **UMTHANDAZO UJESU AWUFUNDISA ABAFUNDI BAKHE —33**

(Umfundi ungumuntu omlandelayo uJesu.)

UJesu walaya abafundi bakhe ukuthandaza kanje:

“Ngakho-ke anokhuleka kanje, nithi: Baba wethu osezulwini; malingcweliswa igama lakho; mawufike umbuso wakho; mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini; usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla; usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi; ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kubephakade. Amen.” UMathewu 6:9-13

Funda lo mthandazo ngekhandu. Abakholwayo bavamile ukuthandaza lo mthandazo kakhulu uma bendawonye.

---

### **SIFUNDISWA NGEMİYALO EYISHUMI KANKULUNKULU —34, 35 UKUTHI SINGAZIPHATHA KANJANI**

(UEksodusi 20)

#### ***Imithetho emine yokuqala iqondene nokumthanda kwethu uNkulunkulu***

1. “Ungabi-nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.”
2. “Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi...; ungazikhothameli, ungazikhonzi.”
3. “Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho.”
4. “Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise.”

*Eminye eyisithupha iphathelele nothando lwethu lwabanye abantu.*

#### **IMITHETHO EYISHUMI (Kuyaqhutshekwa)**

5. “Yazisa uyihlo nonyoko.”
6. “Ungabulali.”
7. “Ungaphingi.”
8. “Ungebi.”
9. “Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.”
10. “Ungafisi indlu yomakhelwane wakho;...nokunye okomakhelwane wakho.”

### **UMA SIMLALELA UNKULUNKULU UYOPHENDULA IMITHANDAZO YETHU**

“Nesikucelayo siyakukwamukeliswa nguye, ngokuba sigcina imiyalo yakhe, senza okuthandekayo ebusweni bakhe.”

1 kaJohane 3:22

---

## IMIYALO EMIBILI EMIKHULU EDLULA YONKE IMITHETHO —36

### *Ukumthanda uNkulunkulu*

1. “UJesu wathi kuye: Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyi yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho. Yilowo umyalo omkhulu nowokuqala.” UMathewu 22:37, 38

### *Ukuthanda abanye abantu*

2. “Owesibili ofana nawo uthi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.” UMathewu 22:39



Yonke imiyalo eyishumi (ekhasini 34 no 35) ihlanganisiwe kulemiyalo emibili.

---

## UTHANDO LUDLULA KONKE —37, 38

### **Isahluko esibalulekile esiqondene nothando.**

(1 kwabaseKorinte 13:1-8, 13)

<sup>1</sup>Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, kepha ngingenalo uthando, ngiyithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. <sup>2</sup>Noma nginokuprofetha, ngiqonda izimfihlakalo zonke nokwazi konke, noma nginokukholwa konke ngangokuba ngingagudluza izintaba, kepha ngingenalo uthando, angiyinto yalutho. <sup>3</sup>Noma ngabela abampofu konke enginakho, noma nginikela umzimba wami ukuba ushiswe, kepha ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho. <sup>4</sup>Uthando luyabekezela, uthando lumnene, alunamhawu, uthando aluzigabisi, aluzikhukhumezi; <sup>5</sup>aluziphathi ngokungafanele, aluzifuneli okwalo, alucunuki, alunagqubu; <sup>6</sup>aluthokozi ngokungalungile, kepha luthokozela iqiniso; <sup>7</sup>lubekezelela izinto zonke, lukholwa yizinto zonke, luthemba izinto zonke, lukhuthazelela izinto zonke. <sup>8</sup>Uthando alusoze lwaphela; kepha nokuba kukhona ukuprofetha, kuyakukhawuka; nokuba kuyizilimi, ziyakunqamuka; nokuba kungukwazi, kuyakukhawuka.

<sup>13</sup>Manje-ke kumi ukukholwa, nokwethemba, nothando, lokho kokuthathu; kepha okukhulu kulokho luthando.

## UNKULUNKULU ULUTHANDO

“UNkulunkulu uluthando, nohlala othandweni uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala kuye.” 1 kaJohane 4:16b

---

## UJESU UTHANDA UKUBA UFAKAZE KWABANYE —39



*(ekhaya, esikoleni, esontweni, yonke indawo)*

UJesu wathi: “Hamba uye ekhaya kwabakini, ubabikele ukuthi kungakanani iNkosi ekwenzele khona, yakuhawukela.” UMarku 5:19b

---

## UNGAMBONA KANJANI UMNTWANA WEQINISO KANKULUNKULU —40

“Ngalokho bonke bayakukwazi ukuthi ningabafundi bami, uma nithandana.” UJohane 13:35

“Kepha izithelo zikaMoya ziluthando, nokujabula, nokuthula, nokubekezela, nobubele, nobuvi, nokukholeka, nobumnene, nokuzithiba.” KwabaseGalathiya 5:22, 23a

“Ngokuba uma nithethelela abantu iziphambeko zabo, noYihlo wasezulwini uyakunithethelela nani.”  
UMathewu 6:14

## **UNKULUNKULU UZONDA IZINTO EZIYISIKHOMBISA**

“Amehlo azidlayo, nolimi lwamanga, nezandla ezichitha igazi elingenacala, nenhliziyo eceba imicabango emibi, nezinyawo ezishesha ukugijimela ebubini, nofakazi wamanga ophafuza inkohliso, obanga ukuxabana phakathi kwabazalwane.” IzAga 6:17-19

---

## **IMISEBENZI YENYAMA —41**

“Kepha imisebenzi yenyama isobala, engukuthi: ubufebe, nokungcola,...nokuthakatha, nobutha, nokulwa,...nokubanga, nokwalana,...nomhawu, nokudakwa, nokuxokozela,... njengokuba senganitshele ukuthi abenza okunje abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu.” KwabaseGalathiya 5:19-21

“Ningadukiswa. Nazifebe, nabakhonza, isithombe, naziphingi, nazihlobongi, nabesilisa abalalanayo, namasela, nabahahayo.” 1 kwabaseKorinte 6:9b, 10a

## **VUMA UJESU AKUGCWALISE NGO MOYA WAKHE, AKUHLANZE**

“Babenjalo abanye kini, kepha senahlanzwa, senangcweliswa, senalungisiswa ngegama leNkosi uJesu Kristu nango- Moya kaNkulunkulu wethu.” 1 kwabaseKorinte 6:11

---

## **ISIHOGO SIYINDAWO YANGEMPELA —42**

**(Funda uLuka 16:19-26.)**

Qiniseka ukuthi uyame-themba uJesu Kristu. Yena uyobhala igama lakho eNcwadini yakhe yokuPhila.

“Uma ekhona ongafunyaniswanga elotshiwe encwadini yokuphila, waphonswa echibini lomlilo.” IsAmbulo 20:15



---

## **UJESU YEDWA OYINDLELA EYA KUNKULUNKULU —43**

“Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhukuphila kuseNdodaneni yakhe.”

1 kaJohane 5:11

“Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.” KwabaseRoma 6:23

“Okholwa yiNdodana unokuphila okuphakade; kepha ongakholwa yiNdodana kayikubona ukuphila, kodwa intukuthelo kaNkulunkulu ihlezi phezu kwakhe.” UJohane 3:36

“UJesu wathi kuye: Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami.” UJohane 14:6

---

#### **IZULU INDAWO YANGEMPELA —44**



EsAmbulweni 21 sifunda ngombono kaJohane awubona ngezulu elisha nangomhlaba omusha.

“Azesule izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikubakhona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikubakhona; ngokuba okokuqala kudlulile. Wayesethi ohlezi esihlalweni sobukhosi: Bheka, ngenza konke kube-kusha. Wathi: Loba, ngokuba lawamazwi athembekile, aqinisile.” IsAmbulo 21:4, 5

Futhi uJohane wabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha elivela kuNkulunkulu ezulwini. “Nomuzi wawungowegolide elihle, linjengengilazi ecwebezelayo. Izisekelo zogange lomuzi zivunulisiwe ngawo onke amatshe anenani elikhulu.” IsAmbulo 21:18b, 19a

---

#### **UJESU WAHAMBABONKE UKUBALUNGISELA BONKE —45 ABAKHOLWAYO KUYE INDAWO EZULWINI**

“Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi. Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo. Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe-khona nani.” UJohane 14:1-3

#### **XOXELA ABANYE LEZINDABA EZIMNANDI**

UJesu wathi: “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.” UMarku 16:15b

“Nohlakaniphileyo uyazuza imiphefumulo.” IzAga 11:30b

---

#### **IZITHEMBISO ZIKANKULUNKULU KUBANTWANA BAKHE —46**

“Angisoze ngakuyeka, angisoze ngakushiya.” KumaHeberu 13:5b

“Ngokuba uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikulondoloze ezindleleni zakho zonke.” –AmaHubo 91:11

“Akakho ongazihlwatha esandleni sikaBaba.” –UJohane 10:29b

“Mina nginani izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe.” UMathewu 28:20b

“Ungesabi lokho ozakuhlupheka ngakho....Thembeka kuze kube-sekufeni, ngokunika umqhele wokuphila.” IsAmbulo 2:10

“Lapho ngihlezi ebumnyameni, uJehova uzakuba-ngukukhanya kwami.” UMika 7:8b

“Ngibize, ngiyakukuphendula, ngikutshele izinto ezinkulu nezifihlekileyo ongazaziyo.” UJeremiya 33:3

---

## UJESU UZOBUYA FUTHI —47

Bonke abantu bayovuswa kwabafuleyo.



“Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni beyakulizwa izwi layo, abenzé ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila, abenzé okubi ekuvukeni kokulahlwa.” UJohane 5:28, 29

Abafele ku-Kristu bayokuvuswa kuqala.

“Khona thina, esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni; kanjalo-ke siyakuba-nayo iNkosi njalo.”<sup>1</sup> kwabaseThesalonika 4:17

“Qaphelani, nilinde, ngokuba anisazi isikhathi ukuthi siyakuba-nini.” UMarku

13:33

---

## UYOBUYA KANJANI UJESU? —48



“Bhekani, uyeza namaifu, namehlo onke ayakumbona, nabo abamgwazayo, nezizwe zonke zomhlaba ziyakulila ngaye. Yebo, Amen.” IsAmbulo 1:7

“Khona uma umuntu ethi kini: Bhekani, nan-gu uKristu, noma: Nanguya, ningakholwa. Ngakho-ke uma bethi kini: Bhekani, usehlane, ningaphumi.” UMathewu 24:23, 26a

### UJESU UYOFIKA MASINYANE EMAFWINI EZULU

“Ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube-sentshonalanga, kuyakuba-njalo ukufika kweNdodana yomuntu....Khona kuyakubonakala ezulwini isibonakaliso seNdodana yomuntu, besezikhala izizwe zonke zomhlaba, zibone iNdodana yomuntu iza emafwini ezulu, inamandla nenkazimulo enkulu.” UMathewu 24:27, 30

---

## IHUBO LIKAMELUSI

(I-Hubo 23)

<sup>1</sup>UJehova ungumalusi wami, angiyikuswela. <sup>2</sup>Uyangilalisa emadlelweni aluhlaza; uyangiyisa ngasemanzini okuphumula. <sup>3</sup>Ubuyisa umphefumulo wami; uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe.

<sup>4</sup>Noma ngihamba esigodini sethunzi lolufa, angesabi okubi, ngokuba wena unami, intonga yakho nodondolo lwakho ziya ngiduduza. <sup>5</sup>Ulungisa itafula phambi kwami ebusweni bezitha zami; ugcoba ikhanda lami ngamafutha; indebe yami iyachichima.

<sup>6</sup>Impela okuhle nomusa kuyakungilandela imihla yonke yokuphila kwami; ngiyakuhlala endlini kaJehova kuze kube-phakade.

---

If you are interested in receiving additional Scripture booklets, write to the publisher in English at the address below or order [online](#):

World Missionary Press, Inc.  
P.O. Box 120  
New Paris, Indiana 46553-0120 U.S.A.

Lencwadi inikezwa ngesihle, ayithengiswa

---

[World Missionary Press Home Page](#) | [Go to the Top of This Page](#)

1572